Dinuzulu eti yilwa? Lati ixegu nxa ningibuza lowo mbuzo kuti angife. Bahleka abelungu. Wati yena nangu uDinuzulu wayikoka imali yekanda nitini kimina? Kwabizwa uNtshingwayo, naye wagcizelela ekutini welulekwa uDinuzulu ukuba batele imali, nembala bayitela beno Mnyayiza opete isifunda ngase Filidi, wati imali yamakanda yayingafunwa muntu, wati yena watuma abantu abatatu baya kobuza ku Dinuzulu, uDinuzulu wati mayitelwe. UMr. Calder wambuza wati, nxa uDinuzulu waete yilwa wa uyokulwa, wati yena, ehene ngangokulwa, uye owati angitele, ngatela; ngangikade ngi ngowe Nkomendala ngesikati sempi yama Bhunu, kodwa kusukela kuleso sikati angibuyange ngibizwe. Wati, wake-waya Osutu ngesikati sempi yabashokobezi eye kobona uDinuzulu egula, kodwa azange ebona nokuncane ukulungisela impi. Bambuza bati konje abantu obapete bakanye nabas'Osutu, wavuma. Nokumbula ukuti uMnyayiza lo opete abaqulusi. Bambuza ngokuti uyakwazi yini ukufunda nokubhala, wati yena akwazi, kodwa ikona incwadi ayibhalela u Dinuzulu ependula eyake ayecela ngayo umnikelo wecala lika Danyela.

Ngolweslbili uDinuzulu ubuye wagalela kakulu ngabafakazela yena, abanumzane ao Pakati, owaekade eyindùna ka Cetshwayo, epika eti azange elitola izwi lipuma ku Dinuzulu liti ahlale elungele ukulwa noMbuso. Kwangena ao Mlezane nabo beqinisa ngako ukuti uDinuzulu wabayala wati abakoke imali, no Mntunemidwa no Malambule abanumzane bamlandulela oka Cetshwayo beti, bayitela nje imali yekanda eya yaliwa abantu, bayitela ngoba belulekwa uDinuzulu ukuba bayitele.

IMALI ASENAYO uDINIZULU.

I Attorney General iveze ukuti itole incwadi ipuma kumaloya ka Dinuzulu eti bafuna abantu abatile ukuba bangadedelwa bahambe, abase kamu lofakazi bakomkulu, akade befakazela uMbuso, ngoba bafuna ukuze babizwe bapendule imibuzo efunwa abameli baka Dinuzulu. I-Attorney-General yati ayiboni ukuba igcine labo bantu ingasabafuni yona ngesikwama sakomkulu. U Mr. Schriener wati ufisa ukuveza izwi lokuti uDinuzulu asenayo neze imali yokuquba ukuzivikela kwake kodwa nxa iAttorney-General ingavuma ukuba labo ofakazi bahlale ekamu lo Mbuso, bazozama ukubaleta kwelabo Icala lika Dinuzulu lisemi liyisinyikanyika, abameli bake ngofakazi njengemibuzo yabo, bafuna ukukanyisa ukuti u Dinuzulu waengahlubukile embusweni, futi wazama ngako konke ukweluleka abantu ukuba bakoke imali yekanda. Kusavama abantu abakulu bodwa abanumzana abamfakazelayo, omunye umnumzane ute uma u Dinuzulu waengatshongo ukuti abantu abatele bake ngaba shokobeza. U Sikobobo ute nxa ekade efakazela u Dinuzulu nxa esepuma eaihonqeni, wamkulekela wati, Bayede, wena umnyama. Akubajabulisanga abanye loko.

UYIKOLWA NA?

Lo mbuzo umbuzo omkulu, obuzwe iAttorney-General ku Dinuzulu, futi impendulo ka Dinuzulu kuwo inkulu, yokuti azi kolwa kulelizwe kupela uKristu. Bekufanele ukuba lo mbuzo usicabangise kakulu tina esiti si amakolwa. Imbala impilo yetu iyababonisa bonke isimo sika Kristu na? Ukukolwa kufanele ukuba kuveze isimo somdali wokukolwa sibonakale kulabo abati balandela yena, kakulu kubelungu bona bafika nalo lolukolo. Kuhle noyisiwula abone utando nokubekezelela abonayo, nomoya wokutetelela emakolweni njengoba kwakunjalo ku Kristu. Kambe lomoya wotando siyawubona na, noma sibona ubugcwelegcwele noku kopolota iziposiso zàbazalwane sizake zibe intaba ngoba sifuna ukubafaka ebunzimeni? "Noma ngingakuluma ngezilimi zabantu nezezingelosi, nxatshane ngi ngenalo utando, ngifana netusi elikencezayo," kwatsho umpostol uPaul.

Isu lokuhlanganisa ubukosi.

Nikumbula kahle umhlangano wabanumzane abamhlope ababepuma eTransvaal, Cape Colony, Orange River ne Natal ababehlangene eTekwini kuleziya nyanga ezadhlulayo; Ilanga lapinda lanityela ukuti bahlakazeke nje sebeqonde ukuba baye kohlangana e Colony. Ngolwesitatu ipumile imiqondo yabo abati kuhle ibe isisekelo sobukosi obuhlangeneyo base South Africa. Ngokufupi bati kuhle ukuba lamazwe, amane iTransvaal, Cape Colony, Orange River ne Natal, ahlangane abe bukosi bunye kuti kube ilelo lenze imiteto yalo yobufunda, kodwa kube kona iParlamende yawo omane lapo imiteto yempato yezwe iyonqunywa kona. Umongameli omkulu walobu bukosi obulunjwayo uKing ngesandhla senkosi emele yena eyakubizwa ngokuti iGovernor General. I Parlamende iyoba zigabha mbili ezokuqala sotiwa indhlu ye Senate, esesibili sotiwa indhlu yenhlanganiselo, labo aboketwa ngezifunda ngezifunda ukuba baye kokwenza imiteto. I Cape Colony linikwe abakutumeli aba 51; i Natal aba 17; iTransvaal aba 36; iOrange Free State aba 17. Bonke abayodalela izwe elihlangeneyo imiteto bai 121. Bati ke laba banumzane kuhle ukuba zozine lezi zizwe ezihlose ukuhlangana zimente amaParlamende azo, ahlole lendaba eseyenekiwe ngo 30th, ka June, bayihlole yonke indaba, kutike ngo May ibuyele kuwo umhlangano lo obukade uquliwe, bayilungisele ukuba iweliswe namanxusa atile ayozama ukuba ibe umteto ngemvume ye Parlamende lase Ngilandi elikulu. Amuko nakwaba mhlope obelindele ukuba lendaba izosheshiswa kangaka.

INDHLU-EMNYAMA.

Indhlu emnyama ayiko sibalweni pezu kokuba kuwo onke amacala eTransvaal nase Natal nase Cape, nabelungu abatanda abantu babhala izifiso zabantu ukuba babe nabakulumeli abaketwe yibo eziko elikulu lombuso ohlangeneyo. Incwadi ekishwe ilaba banumzane iti nje abantu bazohlala bekuleso simo akade bekuso, nabase Cape Colony noma kungashiwongo namhla ukuti seku usuku lokuba bemuncwe ivoti, noko babekelwe ugibe nesifu esizobamboza iminyaka ingemingapi nxashana loku abakuvezileyo nempela kungase kuvunywe pesheya. Bati abantu base Cape abazukwemuncwa ivoti okwanamhla, kodwa mhlazana sebevunyelwe pesheya ukuba babe nabo lobukosi obuhlangeneyo, uma uParlamende enquma umteto wokuti abantu abagululwe ekuvoteni kungase kwenzeke loko. Tina kade sakubona loku, njengoba sasingavumi ukuba loku kube kona. Niti kuhloswe ukuhlangana duh, uma kuti indhlu-emnyama iningi kangaka eSouth Africa kepa kuti lapo sekulunjwa udaba olukulu kangaka pakati kwezwe umuntu omnyama angabi nasibalo ngohlobo olunje. Tina isijabhise ngo kupindiweyo incasiso yomsebenzi wamakosi ebesiti ahlangene nje nati kukona okuhle esizokutola kulenhlangano yabo. Indaba yabo yinde, njengoba situnyelwe yona sesizokuya emshinini ikona sizongena kuyo ngaamaSonto alandelayo siti tyikityi. I Rand Daily Mail, ipepa lase Jozi, liti konke okwenziwe ile nhlangano kuhle, kepa ali tandi nokuzenzisa ngevoti yabamnyama base Colony engacilizwanga kona manje, liti kulindelwe ukuze icilizwe lapo sekuhlangene iParlamende yobukosi obusha, njengoba abase Cape Colony abanye boya lapo bevotelwe iyo indhlu emnyama nje uma sebala bona ukuba licilizwe koba yini loko. Bantu, papamani!

Ngiyipipi Qonga.

Ukufa kusangihlalele, ngisandu kunitshela ngembedumehlwana engayenzelwa abelungu eTekwini mhlazane ngi buya eGoli, manje ngemukele incwadi ipuma ku Danyela lo abati uAantoni, owaekade engumbhali ka Dinuzulu, owenza ubufakazi eGreytown ebonisa ukuti uDinuzulu unecala ngezizatu ezitize. Manje uDanyela uti uzongi mangalela ngoba ngamtunisa mhla ngilandisa abafundi beLangá ngobufakazi abenza ecaleni lomtaka Cetshwayo eMgungundhlovana ngati wapenduka inkuku nxa ebuzwa abameli. Nami sengihlezi nje sengibheke ukuba size sihlangane no Mr. Danyela enkantolo. Yeka isisila sika Mafukuzela, uti eqeda lelicala abe etshelwa ukuti uzomangalelwa ngelinye.

IZINDATYANA NGEZINTO NABANTU.

Inkosi yamapoyisa eTekwini ite iloku umuzi utabate ukugaya utshwala, ukudakwa kubantu kuncipile eTekwini. Loko kuba jabulisile abapati bomuzi, kepa indhlu emnyama inezizatu zayo ezibekayo, ayibuki njengoba kubuka amaNgisi. Yona idubile ngoba kwalelwa abantu bakubo emsebenzini wabo futi kwalelwa nabafazi bayo. Kodwa ke noma ku ukuduba noma kuyini, nxa izidakwa zincipile yinto etokozisayo leyo uqobo lwayo.

Ngalapa eCape Colony beku bekwe umuntu icala ngoba wabulala omunye, ute lapo esezivikela pambi kwabahluli wati, watshelwa uNkulunkulu ukuba abulale lowo muntu. Wewu!

—o—

Sekuzwakele ukuba amanxusa abeSutu asefikile eLondon. Kuzwakala ukuti uKing uzoke axoxe nabo besese London kanye no Lord Crewe.

—o—

Noma behlangana abelungu lapa eSouth Africa, bake imiteto emisha yokuhlangana kwo Mbuso, nxa beyeke ukulungisela indhlu emnyama ukuba ibe nezwi eziko lapo kwenziwa kona imiteto, kobe behlulekile.

—o—

Imali esicitwe uMbuso isi £8,000. Kazi loti linqunywa ibe ingakananì! Asikulumi ngeka Dinuzulu singazi noma uyitatapi umtaka Cetywayo, loku eyoMbuso ingaka nje, abameli baholelwa yiwo.

—o—

Inkosi enkulu u Edward we Silombisa uhambele kwelama Jalimani. Upume eLondon epekezelwa iNdhlovukazi u Queen no Lord Crewe, Lord Althorp, Sir Charles Hardinge, General Grenfell, no Admiral Bosanquet. Amapepa ase London ayatokoza ngohambo luka King, ati luzoleta ukuzwana kumaNgisi namaJalimani. Kwanga uKing ne Ndhlovukazi bangevelelwe ngozi ohambweni lwabo.

—o—

Imali yamakada isibajamele abelungu ngayo lenyanga ka February. Abofunyanwa ngo March 1st bengakayiteli, sebeyopendula enkantolo. Bayayaluza nje ngoba bajanyelwe i Income tax futi abanye, onkabi bati bazomuka lapa eNatal.

—o—

U Mr. Irvine Nyembezi omunye wabafana uMafukuzela aqala ngabo ukubafundisa lapa, kwati ngoba waesavinjelwe ukuba bangene uTeachers examination besuka Ohlange, manje ngalesi sikole ufundisa Ohlange. UMr. Nyembezi waba owokupala ohleni lwabapumeleleyo iminyaka yomibili engenele iExamination ngapandhle kwaloko wangenela iCape University examination wapumelela. Kuyamtokazisa uMafukuzela nxa umsebenzi wake esewuquba nalabo abebefundiswa nye.

—o—

Abanumzane abamhlope base Mgungundhhlovu kade bese Tekwini bezobona udumo lokupatwa kotshwala okutuswa inkosi yamapoyisa uChief Constable Donovan, lapo eti sekuncipile ukudakwa kubantu iloku utshwala buqaliswe ukugaywa abelungu bomuzi wase Tekwini. Naboke abase Mgungundhlovu nabase Newcastle baqonde ukuhlala pezu kwalowo msebenzi wokugayela batengise ngotshwala ku bantu.

EZASE DUNDEE.

Izulu iloku lise lana imvula enkulu lapa engasanqamuki, yonke imifula igcwele, omunye umzalwane uze wadontswa nge bantyi esehlulekile ukuzihlambela.

Wo, bakiti kade sikalela abase matyeni eTekwini ngo Hobana, obusu namagama amaningi lapa kwelasenhla, futi usunedungamuzi ngoba bekupuma umfazi izingane zingapekelwa muntu, abantu sebemdibi munye nonoyila base Dolobeni.

Lapa kwelase Dundee nonyaka nje akuzange kube kona madili ka Kisimusi noka Zwana owayeti wenza ngcono wabuye watelisa kwasa Timitana akubange kusabonga muntu bati nje, ha, kanti besiyegwa u Kisimusi manje kanti utyeleni ukungena. Wo, yeka nyakenye sandhla sashiya pantsi kumfo ka Sibiya nga lomqondo wawo Hlubi no Ntulu beku isu elihle lelo bafowetu uma ningaba nabantu abanendhlebe bokugcina lezozimali ezingo pondwe ngoba tina lapa enhla miningi imizamo enjalo esesike sayilinga yaze yapelela emoyeni ngoba lezimali ezibizwa ngo pondwe £1. zileta imicabango emibi endodeni. Zise sakeni kuyo kodwa uma nisitumela ama (right names) sonilalela nisityele nokuti kungahlanganwa kangaki ngonyaka kulo pondo. Muhle lowo mqondo wenu sifuna intya enjalo.

Umzimbha Wethu: Okufanele Umuntu akugonde ngawo

Rev. A. T. Bryant,

Copyright No. 15.

Ayike! zonke lez'izinto zing'akudla. Phela kakukho okunye ukudla ngaphandle kwazo. Okusuke kungenayo enye yalez'izinto ekade sizibala, kungeze kwathiwa ukuthi ku ukudla, naphezu kwoba kufakwe emlonyeni, kugwinywa; kuyakusimze kudlule, kuphume phantsi nje, ung'enzanga l'utho emzimbheni. Ehe! lez'izinto y'izo zodwa eziqondene nomzimbha womuntu, ziy'izinti notyani nodaka kwokuw'akha nokuwuqinisa nokuwukhulisa no kuwuphilisa. Zonke lez'izinto-ke uma zisuke zikhona entweni esiyidlayo, umzimbha wethu uyakwazi ukuzikhipha kukho lokho'kudla ngamasu awo amangalisayo, esiwafumanisayo esebenza njalo kulowo'mbhobho ohambhu'ukudla, ekade sixoxa ngawo phezulu.

Kepha lez'izinto khona ziyakuba nokukhothwa kahle igazi, kuswelekile ukuba ziqale zincibilikiswe, ziguqu'we ngohlobo oluthile ng'amathe lawa a'ntlobontlobo aphakathi emzimbheni wethu. Ngoba phela kuwo wonke umbhobho ohambh'ukudla kukhona amanzi ngamanzi alokhu evononoka, eminika, ezindaweni ngezindawo phakhathi nawo. Kepha l'amanzi ay'imithi uqobo lwayo e'bukhali kakhulu. Ayakwazi ukuguqula utho olulukhuni nokuluzica lube l'ubundubundu nje, isikathi singekho. Uma kuthathwa isigaxana sika 'shukela, kumbhe uswidi, kumbhe umqhathane, kubekwe epuletini elinamanzi, koza kuncibilike kambhe. Kuba njalo futhi nas'ematheni omlomo (saliva). Kepha amanzi osu (gastric juice) u'bukhali kakhulu wona. Ungathi ukuthela amanye endishini, ub'us'ubeka ucezwana lwenyama ephekiweyo phakathi kwawo.—njenga beluugu bekwenzayo—kothi emva kwesikhashana, nya! inyama; seyatubukala, yancibilika, yaba uyikiza nje lwamanzi.

E! kade sithi ukudla kuyakhothwa igazi-Sathi ukudla kuyangena egazini. Kungene kanjani-ke?

Kenginichantsisele kuqala lowo'mthetho omkulu wemvelo yomzimbha, abathi abelungu u osmosis—kul'icebo lomzimbha lokungenisa ukudla egazini; kul'icebo lawo lokubuya liphumise kulo zonke lezo'nto ezifunekayo lapha nalapha emzimbheni, zokubuyisela inyama namathambho, lawo, osekwaqedwa ukukhwishiza kwokusebenza naw'kugala naw'ukuguga; kul'icebo lawo futhi lokugcwenga egazini konke okung'amanzi lokho, njengamathe, nezithukuthuku nomshobingo, nani.

Ayike! ake sithathe isinye esincane esili'ithwathwasana, njengesezinyane lembhuzi, sisigcwalise ngoyinki. Uma les'isinyana esigcwele uyinki, siciphanyekela emoyeni nje, kakuyikuphuma l'utho; siyakuhlala s'omile nje nkwe ngaphandle. E! ake sisithathe kalokhu, sisilengisele phakathi kwesitya esigcwele amanzi. Kothi ngesikhashana, nanka amanzi esityeni es'eqala ukufiphala! asesivula manje sona isinyana, sihlole uyinki ophakathi kuso. Bala! naye us'eze wahlambhuluka, waxubana namanzi as'esityeni. Kazi angena ngaphi? Kanti sengathi kukhona izibhotyanyana esikhumbheni sesinye, ekade amanzi noyinki kuholana, kumuncana, kungena, kuphuma, ngazo. Impela bekunjalo; naphezu kwokuba lezo'mbhotyana kade zingabonakali emehlweni, sing'azi nokaba zikhona.

Kunjalo kambhe ukuma kwemithambho ephakathi emizimbheni wethu; kunjalo ukwenza kwokudla negazi. Kodwa-ke ukuba kwenzeke kahle lo'msebenzi kona ekudleni, kuswelekile kuqala koake ukudla lokho kugayisiswe, kuxovwe; izinto lezo—OALBUMEN NOFIBRIN, NOCASEIN, NESITASHI, nani—okuy'izona njalo ukudhla uqobo lwakho, zincibilikiswe; zize zitholane, zihlangane kahle nalawo'manzi a'bukhali omzimbha; khona ziyakuba nokugwinywa kahle izimbhotyana ezis'emithanjeni yegazi; kube y'izona nalo igazi kuholana, kumuncana, ngezibhotyana ezis'esikhumbheni sombhobho wokudla, njengoba kade kwenza amanzi noyinki esikhumbheni sesinye leso. Ngoba phela sonke isikhumbhana lesi sombhobho wokudla, ngisho phela esomlomo nesosu nesamathumbhu kuthe nindi kuso imithanjanyana yegazi, lilokhu ligobhoza kuyo; kuze kuthi uma kudlula uyikiza lolu lwokudla, limunce kulo, ngezimbhotyana ezis'esikhumbheni, semithambho namathumbhu, lezo'nto ezing'ukudla, libe selimuka nazo, liziyiso naphi naphi emzimbheni, lapho zifuneka khona.

Ayike! asesikulandela kalokhu khona ukudla, kusahambha phakathi emzimbheni sihlole eduze ukwenza kwakho.

Nangu umuntu esaz'ezakudla. Nanku umcakulo unamadumbhi. Nanti iqatha lenyama, libekwe ngogqoko. Nasi isicathulo sotywala—kwazis'ukuthi umnumzana belu. Inyama yona igcwele ufibrin no syntonin no albumen—izinto zonke lezo ezifunekayo, zokwakha umzimbha wakhe lo'muntu. Amadumbhi-ke agcwele isitashi—into enkulu leyo yokubang'amandla nokufudumala nokunona emzimbheni. Utywala, imvama yabo amanzi nje—into nayo eswelekile kakhulu okusebenzeni kwomzimbha phakathi.

E! ukudla kufakwe qede emlonyeni, noma kuy'inyama, noma kul'idumbhi kube sokuqhuntsuleka amathe khona lapho yonke indawo khona. Kube sokugaywa amazinyo; akugaye, akuncashuncashuze; ulimi lube lukuxovaxove kanye nawo amathe kuze kube intacantaca nje.

Isitashi kambhe, uma usixubanisa namanzi, singeze sahlangana nawo, ukuba sincibilike; siyakudimde sixubane nawo, kube ingqubhu nje, kusagovuzwa, sibuye sizike sibe izibhidi phantsi, sishiye amanzi eodwa ngaphezulu. Ingani kulo'muthi ong'amathe omlomo singathi ukuhlangana sishesho sixubane nawo khonamanje sibe sesiguquka, sibe into imbhe, emtotana, engathi l'uhlobo luka' shukela, baze bathi abelungu ngalokho ukuthi UGRAPE-SUGAR Nesitashi lesi esikhona emadunjini, sith'uba siguquke emlonyeni sibe y'iley'onto emtoti, sibe sesivuma kahle ukuncibilika emanzini omlomo, kuhle kuka'shukela uqobo lwakhe. Omunye walo'GRAPE-SUGAR, okade ey'isitashi kuqala ab'es'ekhothwa igazi kuse khona lapho emlonyeni, eholwa, emuncwa kambhe ngazo izimbhotyana ezis'esikhumbheni somlomo, adabule phakathi kuso leso'sikhumbhana, az'afinyelele egazini elis'enyameni phakathi.

Amathe omlomo amandla awo kakhulu akulolo l'uhlobo lwokudla ekade silubiza ngokuthi CARBONACEOUS, kumbhe NON-NITROGENOUS, olona lubang'amandla nokufudumala emzimbheni njengesitashi noshukela kambhe. Ezintweni zolunye uhlobo lolu, esalubiza, sathi NITROGENOUS kumbhe okwokubumbh'inyama, kawana'mandla kakhulu kuzona. Zona-ke ziyalungiswa kakhulu amanzi osu. Ngalokho ke inyama lena, eyona iphethe kuyo UFIBRIN NO SYNTONIN NO ALBUMEN, amathe omlomo kaway'enzi l'utho; isim'zihlafunwe amazinyo, ib'is'iyehliselwe oswini, incibilikiswe, ikhothwe igazi khona.

Mtambama, Swaziland.

January 31st. '09.

Dear Mhleli:

Eza lapa kiti izulu lenze isimanga, line imvula engenaku linganiswa. Laqala ngomhla ka 19 Jan. kwaze kwaba ngu 26th, Jan., line kwadilika izintaba kwabhidhlika amahlati umuntu wabona intaba isibonvu kwesabeka kakulu lemukisa abantu, omunye wehla nomkondo akaziwa noba owakupi. Omunye ijaha lako Ntyingila lemuka no Muwa laye latolwa kwa Ndabazezwe e Poponyane lapo bamtola kona esegaxeke emtini sekupele izinsuku eziu 7 efile.

Angikulumi ngendaba yama pulangwe abonwa Osutu isimanga. Asikezwa okunye sisabhekile.

S. S. HLUBI.